



NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
NOVEMBER 2020

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA: IPHEPHA I
ISIZULU FIRST ADDITIONAL LANGUAGE: PAPER I

Isikhathi: Amahora ama-2½

Amamaki ayi-100

QAPHELA LOKHU OKULANDELAYO

1. Leli phepha linamakhasi ayi-16. Qiniseka ukuthi nelakho liphelele.
 2. Leli phepha lineziqephu EZINE.
 3. Phendula zonke IZIQEPHU.
 4. Qala esinye nesinye isiqephu ekhasini elisha.
 5. Qiniseka ukuthi awuyixovi imibuzo.
 7. Phendula yonke imibuzo ngesiZulu.
 8. Shiya umugqa emva kwempendulo.
-

UMBUZO 1 UKUFUNDA NOKUQONDISISA

Funda lezi zicwadi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Incwadi yokuqala

Dkt. Kabza othandekayo

Igama lami nginguSabatha. Ngineminyaka eyi-16. Ngifunda ibanga leshumi nanye eTembisa College futhi ngiphumelela kahle esikoleni. Ngihlala nomama wami uWhitney nobhuti wami omncane uSkhokho. Umama wami **ungumabhalane** eTembisa Hospital. Uyawuthanda kakhulu umsebenzi wakhe. Uhamba ngetekisi uma eya noma ebuya emsebenzini. Uma ebuya emsebenzini upheka ukudla kwakusihlwa bese esiza mina noSkhokho ngomsebenzi wesikole. **Kuconsisa amathe** ukudla okuphekwe ngumama. Iphupho lami ngukuthi, uma sengisebenza ngithengele umama umuzi omkhulu nemoto enhle. Ubaba uSthe, uhlala nonkosikazi wakhe omusha eSoweto. Ubaba nomama bahlukana eminyakeni emibili edlule, abasathandani. Njalo ngamaholidi esikole mina noSkhokho sivakashela ubaba emzini wakhe. Unguthishanhloko kwesinye sezikole zaseSoweto. Uma sivakashile, ubaba uhlale ematasatasa. Bavuka ekuseni bahambe nonkosikazi wakhe usuku lonke babuye **seliyozilahla kunina**. Dkt. Kabza, lokhu kuyangikhathaza kakhulu ngoba ngiyafisa sichithe isikhathi nobaba. Ngelinye ilanga ubaba wavusa mina noSkhokho ekuseni wathi, ucela sigeze imoto yakhe ukuze sihambe siyolanda ugogo ePitoli. Sajabula kakhulu ngoba sasizochitha isikhathi sonke nomndeni. Emva kokugeza imoto, sahamba saya ePitoli kepha unkosikazi kababa wasala ekhaya. Ugogo wajabula ukusibona. Wangena emotweni sabuyela eSoweto. Ngesikhathi sifika eSoweto ubaba nonkosikazi wakhe bafaka izimpahla zabo emotweni bahamba. Ugogo wasitshela ukuthi bayochitha iholidi labo eThekwini.

Dokotela, ubaba nonkosikazi wakhe bahamba wonke amaholidi. Ugogo wayezama ukushayela ubaba ucingo angaphenduli kodwa uyabonakala kuma-*WhatsApp Status*. Ngangibona ukuthi babonakala bejabulile. Ihotela ababelele kulona eThekwini lalilihle kakhulu. Ngiyafisa ukuya eThekwini, ngilale ehotela nami ngelinye ilanga. Akungijabulisi ukuthi babuya sesizohamba siye eTembisa ngoba izikole zazivulwa ngosuku olulandelayo. Wasithembisa ukuthi iyunifomu uzoyithenga ngamaholidi alandelayo.

Dkt. Kabza ucabanga ukuthi ubaba uyasithanda?

Yimina okhathazekile

uSabatha Dlamini

eTembisa

[Umbhalo wokuziqambela]

Incwadi yesibili**IMPENDULO KADOKOTELA**

Sabatha othandekayo

Ungumfana ohlakaniphile. Ngicabanga ukuthi umama wakho uyaziqhenya ngawe njengoba wenza kahle esikoleni. Unakekela ubhuti wakho omncane futhi uyawuthanda umndeni wakho. Mina ngicabanga ukuthi ubaba wakho uyakuthanda wena nobhuti wakho. Uma nimvakashela njalo ngamaholidi akanankinga angithi? Ubaba ongazithandi izingane zakhe akafani nobaba wakho. Uyakwethemba ngoba ucela wena noSkhokho ukuthi nihlanze imoto yakhe. Mhlawumbe ubaba wakho ufuna ukuchitha amaholidi akhe nomkakhe omusha. Kungenzeka ukuthi bafuna ukuzijabulisa njengoba bethumela izithombe ku-*WhatsApp Status*. Abantu abanobudlelwano obusha bayakuthanda ukuchitha isikhathi sabo ezindaweni eziphambili. Kufanele utshele ugogo ukuthi yini ongayithandi ngobaba wakho. Emva kwalokho, cela ugogo ukuthi avakashe eSoweto ngamaholidi alandelayo ukuze acele ubaba wakho ukuthi nibe nomhlangano. Ugogo ungumama kababa wakho ngakho-ke, ubaba wakho uzohlala phansi alalele lapho nikhuluma. Uma ubaba wakho ehleli phansi elalele, kufanele ukhulume usho konke okungakujabulisi. Ugogo wakho uzokusekela.

Ngikufisela inhlanhla.

[Umbhalo wokuziqambela]

- 1.1 Ngubani umbhali wencwadi yokuqala? (½)
- 1.2 Ubhalele bani? (½)
- 1.3 Iyiphi inkundla yokuxhumana eyayisetshenziswa nguSthe ngenkathi beseThekwini? (1)
- 1.4 Uneminyaka emingaki umbhali? Bhala ngamagama esiZulu. (1)
- 1.5 Khetha impendulo efanele kubakaki:
Ubhuti wami ngu (mfowethu wami, mfowethu, mfowenu). (1)
- 1.6 Tomula umusho okhombisa ukuthi ugogo uyabathanda abazukulu bakhe. (1)
- 1.7 Endabeni, thola amagama **anomqondo ofana** nalawa magama.
 - 1.7.1 unkosikazi wakhe (1)
 - 1.7.2 usuku (1)
- 1.8 USthe nonkosikazi wakhe omusha banobudlelwano obuhle. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu amabili. (2)
- 1.9 Chaza lezi zimo zokukhuluma:
 - 1.9.1 Seliyozilahla kunina. (1)
 - 1.9.2 Kuconsisa amathe. (1)

- 1.10 Kungani uDkt. Kabza ethi lo ngumfana ohlakaniphile? (1)
- 1.11 Ucabanga ukuthi kungani unkosikazi kaSthe engahambanga ukuya ePitoli? (1)
- 1.12 Nikeza le ncwadi isihloko esinamagama amabili kuya kwamahlanu. (1)
- 1.13 Khetha umzali oyedwa osencwadini yokuqala engenhla bese uchaza ukuthi ungumzali onjani. Sekela umbono wakho. (2)
- 1.14 Wena unguDkt. Kabza. Phendula umbhali ngemisho emibili. Ungabhali okusencwadini. (2)

[18]

UMBUZO 2

Funda ikhathuni engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.



[Ibhalwe ngu Qaps Mngadi]

- 2.1 Phendula ngokuthi YIQINISO noma NGAMANGA.
- 2.1.1 UNTshebe yisoka likaXo. (1)
- 2.1.2 UNTshebe ungumuntu onamahlaya. (1)
- 2.2 Umama kaXo ukhathazwa yini ngoXo? (1)
- 2.3 Bhala igama **elinomqondo ophikisana** naleli: "umakoti". Impendulo ikwikhathuni. (1)
- 2.4 Leli gama elithi "**umjendevu**" lichaza ukuthini? (1)
- 2.5 Amazwi kamama akhombisa ukuthi usekhulile/usemdala. Sekela lesi sitatimende. (1)

[6]

UMBUZO 3

Funda isikhangiso esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

WINA!!!
BUYELA
ESIKOLENI
NELANGA

R1000
BOXER
Voucher

Buyela esikoleni **neLANGA** ngokungenela umncintiswano lapho ungaziwinela khona ama-voucher akwaBoxer angafinyelela enanini lika R8 000.

Thumela umqhafazo kwinombolo ethi 49028

ufake igama lakho negama elithi "school".
Umncintiswano uvalwa ngeSonto lomhla ka 28 January.
WALALA WASALA!!!

I-sms ibiza R1,50

- 3.1 Kubiza malini ukungenela lo mncintiswano? (1)
- 3.2 Khetha impendulo efanele kubakaki:
Umncintiswano uvalwa (ngenyanga yokuqala onyakeni, ngonyaka wokuqala enyangeni, ngosuku lokuqala enyangeni). (1)
- 3.3 Bhala igama elithi "January" ngesiZulu sangempela. (1)
- 3.4 Tomula **igama** elibonisa ukuthi umncintiswano wabafundi lona. (1)
- 3.5 Chaza lesi simo sokukhuluma: "Walala wasala!!!" (1)
- 3.6 Wena uma ungawina uR8 000 ungawenzani? (1)
- [6]**

Amamaki angama-30

ISIQEPHU B UKUFINQA**UMBUZO 4**

- Funda le ndatshana bese UYIFINGQA ngamagama **angama-50** kuya **kwangama-60**.
- Bhala amaphuzu AMAHLANU ngemisho ephelile, ungasebenzisa nezihlanganiso.
- Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweyesi-5 NOMA amabhulethi. UNGABHALI isigaba.
- Sebenzisa amagama akho emishweni.
- Sebenzisa ulimi oluhle.
- Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile, bhala INANI LAMAGAMA owasebenzisile.

**INKULUMO EYETHULWA NGUMPHATHI WABAFUNDI EMCIMBINI WOKUGCINA
KAMATIKULETSHENI**

Ngibingelela uthishanhloko wethu ohloniphekile uMnumzane Chestnut, umphathi wethu wezemfundo uNkosikazi Union, umphathi wezemidlalo uMnumzane Diggs, othisha bonke besikole sethu, abazali kanye nabafundi. Ngiyabonga ngethuba lokukhuluma kulo mcimbi wokuvalalisa abafundi besikole sami engisithanda kakhulu.

Ngaqala ukufunda lapha eVulamehlo High School ngonyaka ka 2016. Ngaqala ebangeni lesishiyagalombili. Angiwafundanga amabanga aphansi kulesi sikole kodwa abafundi bangamukela ngothando nenjabulo ngo 2016. Othisha bangisekela futhi befundisa kahle. Abaqeqeshi bezemidlalo babengikhuthaza ukuthi ngizimisele kwezemidlalo. Ngafika ebangeni leshumi (10), ngakhethe izifundo engizithandayo.

Manje ngifunda umatikuletshe futhi ngithola amamaki amahle kakhulu ezifundweni zami. Zonke izifundo ngiziphasa ngamaphesenti angama-80 kuya phezulu. Uma ngifika lapha esikoleni njalo ekuseni ngizizwa ngijabulile kakhulu. Ngiyabonga ukuba nomndeni wesibili waseVulamehlo High School.

Ngiyabonga kakhulu ngethuba lokuba ngumholi kulesi sikole. Ukuba yi-*Head Boy* kulo nyaka kungifundise okuningi. Ngifunde ukuziphatha kahle, ngafunda ukuphatha kahle abafundi. Ngithole umndeni omusha.

Ngibonga uNkulunkulu ngempilo enhle anginike yona. Ngiyabonga kubazali bami ngokungikhulisa kahle. Niyangisekela lapho ngikhuluma nani ngomsebenzi wami wesikole. Ubaba wami unomthetho. Kudala ngangicabanga ukuthi uthanda udadewethu kunami kanti ufuna ngikhule ngibe yindoda. Wayefuna ngibe yisibonelo esihle kudadewethu omncane. Ngiyabonga ngoba manje ngikhulile futhi ngiyinsizwa eyisibonelo esihle emphakathini. Nginyanithanda kakhulu bazali bami.



Lapha esikoleni ngibonga bonke othisha abangifundise kusukela ebangeni lesishiyagalombili kuya ebangeni likamatikuletsheni. Ngibonga uthisha wami wesizulu uNkosikazi Mageba. Unguthisha onothando lomsebenzi wakhe. Ngizomkhumbula uma ethi: "Nizongikhumbula uma senisenyuvesi". Ngonyaka ozayo ngizoya enyuvesi, ngizokukhumbula mama Mageba.

Ngibonga bonke abangani bami. Ngibonga isekela lami uZaba ngokungisiza lapho nginezinkinga. Sengiphetha, bafundi ngicela nifunde ngokuzimisela. Lalelani othisha nenze umsebenzi ukuze niphumelele.

Ngiyabonga.

[Umbhalo wokuziqambela]

Ekufingqeni kwakho bheka lokhu:

- Uhlobo lomcimbi nendawo.
- Umlando wombhali mhla efika kulesi sikole/ Umbhali nomndeni wakhe.
- Umbhali nobudlelwano bakhe nabantu abasesikoleni sakhe.
- Imisebenzi nemiphumela yombhali.
- Izinyalo azinike abafundi.

Ukwabiwa kwamamaki

Inggikithi: Amaphuzu amahlanu akhona futhi enza umqondo. (5)

Ulimi: Lusetshenziswe kahle, alunamaphutha. (2)

Amagama omfundi: Umfundi usebenzise inkulumo mbiko. Uhumushe kahle indaba. (1)

Amaphuzu: Izinombolo noma amabhulethi. (1)

Inani: Amagama esephelele ayi-50 kuya kwayi-60. (1)

Amamaki ayi-10

ISIQEPHU C IZINKONDLO**UMBUZO 5****Inkondlo efundwe ekilasini**

Funda le nkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

1. **Mina sidalwa esinemlenze mibili,**
2. Mina mfanekiso wobumba
3. Ngiyinto yokufika, eyafik'ekugcineni,
4. Zonk' izifiki sezafika.

5. Umoya womkhathi,
6. Amanz' emifula,
7. Nenhlabathi yomhlaba
8. Okwangendulelay' endulo
9. Kuyafika kwedlule.
10. Ziyedlula nezimila zemvelo
11. Ezavela mina ngingakaveli.
12. Nezilwane zendalo
13. Ezadalwa mina ngingakadalwa
14. Ziyedlula kudluleke.

15. Mina ngiyinto yokufika
16. Futhi ngiyinto edlulayo.
17. Umoya wedlul' usuhogelwe
18. Yizimila nezilwane zendalo zaphila.
19. Amanz' emvula edlul' eseswakamise
20. Umhlaba nendalo yawo kwaphilwa.
-

- 5.1 Sithini isihloko sale nkondlo? (1)
 - 5.2 Umugqa wokuqala ukhuluma ngasiphi isidalwa? Kungani usho njalo? (2)
 - 5.3 Imbongi izibiza ngento yokufika. Ifika kuphi? Sekela impendulo yakho. (2)
 - 5.4 **Tomula** imigqa enkondlweni enomqondo wokuthi.
 - 5.4.1 Ngizohamba emhlabeni/ngizoshona. (1)
 - 5.4.2 Okwafika ngaphambi kwami kudala. (1)
 - 5.5 Bhala umlayezo otholakala kule nkondlo. (1)
- [8]**

UMBUZO 6

Funda lezi zinkondlo ezingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

INKONDLO A**Mina Nawe Sothi, "We Ba?"**

1. Kuningi ukweduka komhlaba,
2. **Kwabantu abafanele ukwazi**
3. Isisusa sokubekwa kwabo
4. Nguye abamazi njengoMenzi;
5. Oyobabuza ngenkambo yabo,
6. Bengasenakuphinda emva.
7. Bayoqalaza bathuthumele;
8. Amazwi akhe enjengameva.
9. Bayofis' intaba ibafulele,
10. **Kepha intaba iyakubaleka,**
11. Ngokuzihlangula ecaleni
12. Bayokhefuzela bejuluka
13. Sebekhonzwa eya emlilweni.
14. Shono, Mina Nawe Sothi, "We Ba?"

INKONDLO B**Ngemukele Nginje**

1. Baba, ngemukele nginje.
2. Xolela ubuwula bami,
3. Xolela ukudl' impundu kwami,
4. Xolela ubumpumputhe bami.
5. Xolela ubuthulu bami,
6. Xolela ubumungulu bami.
7. Ngingowakho nginjengoba nginje,
8. **Baba, ngemukele nginjengoba nginje.**
9. Thethisa owami unembeza,
10. Thethisa amaphupho ami,
11. Thethelela labo abangilethayo,
12. Thethelela labo abangikhulisayo.
13. Uma kwabanjengami ngokubanje
ngingemukeleki,
14. Uwena-ke owonayo, ngakho awemukelekile.

- 6.1 Enkondlweni A, umugqa 2, ucabanga ukuthi ngobani laba bantu abafanele ukwazi? Chaza. (1)
- 6.2 Enkondlweni A, umugqa 10, hlobo luni lwesifengqo lesi? (1)
- 6.3 Ikhuluma ngani inkondlo A? Chaza ngamaphuzu amabili. (2)
- 6.4 Enkondlweni B, imbongi ithi "Baba, ngemukele nginjengoba nginje."
Chaza ngamaphuzu amabili ukuthi ingumuntu onjani imbongi. (2)
- 6.5 Inkondlo B inomoya oxubile. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu amabili. (2)
- 6.6 Qhathanisa lezi zinkondlo ngaphansi kwalezi zihlokwana bese **usekela impendulo yakho.**
- 6.6.1 Uhlobo, ngokwesakhiwo sangaphandle. **Bhala okufanayo.** (2)
- 6.6.2 Indikimba **efanayo/ eyodwa** ngalezi zinkondlo. (2)

[12]

UMBUZO 7**Inkondlo engafundwanga ekilasini**

Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

ZIYADELA LEZIYA NTABAKAZI

1. Ziyadela leziya ntabakazi
2. Ezikitazwa bunofonof' obuthambile
3. Bezinyawana zakh' ezimhlophekazi
4. Onyathela ngazo ngisangane
5. Laph' unyathunyathuza,
6. Ucothoza, ukheth' amabala
7. Sakungigabisela

8. Kudela lolo luhlaza
9. Olwendlaleke kulezo zintabakazi
10. Oluzw' intokomalo yakho
11. Laph' ucambalele, uphumule,
12. Nalaph' uqhwakel' etshaneni
13. Ubuk' ukumonyozela kwendalo
14. Ulalel' ukuhlebeza kwezimpophoma.

15. Ziyadela leziya zintabakazi
16. Ezimhlophe njengengqakala yakho
17. Ezisabalele nesibhakabhaka
18. Eziphululwa yingoma yegekle lakho
19. Olibetha ngobuchule nobugagu
20. Obugqama laph' usuhaya,
21. Uhay' ezwiwa zimbongi kuphela.

22. Kudel' izimbongi
23. Zon' ezike zindiziswe lugqozi
24. Zishwibek' emkhathini wobumbongi
25. Zize kuwe,
26. Zikutoboze, zikuphulule,
27. Uzigone, uzigqogqoshe
28. Uzihubele ingoma yaphezulu.

29. Kudela lowo mfazi wenyanda
30. Ofudunyezwa yintokomalo yakho
31. Ophuz' ebumtotini bengoma yakho
32. Ogonwa yinhlokomo yezinkanyezi.

33. ...

- 7.1 **Estanzeni sesithathu**, tomula igama elisho noma elinalokhu:
- 7.1.1 iculo (1)
 - 7.1.2 Isifaniso (1)
- 7.2 **Esitanzeni sesihlanu**, thola lokhu:
- 7.2.1 Uhlobo lwemvumelwano nesibonelo. (2)
 - 7.2.2 Uhlobo lokuxhumana nesibonelo. (2)
- 7.3 Hlobo luni **lwefanamsindo** olugqamile emgqeni wama-23? (1)
- 7.4 Umugqa 1 nomugqa 15 iyafana. Sikubiza ngani lokhu? (1)
- 7.5 Phawula ngemigqa nezitanza zale nkondlo. (2)
- [10]**

Amamaki angama-30

ISIQEPHU D UKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 8

Sebenzisa le khathuni ukuphendula imibuzo elandelayo.



8.1 **Lungisa amaphutha** emagameni akubakaki ukuze kuzwakale kahle.

Kudala 8.1.1 (lamantombazane) ayepheka ukudla 8.1.2 (mnandi).

Uma abazali bebuya emsebenzini babejabula 8.1.3 (khulu). (3)

8.2 Bhala **amabizomuntu** esikhundleni sezenzo/ samagama angezansi.

8.2.1 Pheka (1)

8.2.2 Dansa (1)

- 8.3 Bhala **ondaweni** esikhundleni samabizo agqamile. Bhala impendulo kuphela.
- 8.3.1 Kukhona i-*straw* **utshwala** bakhe. (1)
- 8.3.2 Intombazane ilalele ingoma **umsakazo**. (1)
- 8.3.3 Bheka nje **amehlo** ungathi akalalanga izolo. (1)
- 8.3.4 Uma uya **abangani** bakhe nabo uzobathola befana naye. (1)
- 8.4 **Nciphisa** amagama abhalwe ngokugqamile. Bhala impendulo kuphela.
- 8.4.1 **Amantombazane** kudala ayewasha futhi epheka. (1)
- 8.4.2 Udanse kwaze kwaphuka **iqolo** lakhe bandla. (1)
- 8.4.3 **Izingubo** zabo zaziba mhlophe qwa! (1)
- [12]**

UMBUZO 9

Sebenzisa izithombe ezingezansi ukwenza umsebenzi olandelayo.



[Izithombe zithathwe kwi-inthanethi]

9.1 Sebenzisa izihlanganiso ezikubakaki ukuhlanganisa imisho. Bhala **imisho ephelele**.

9.1.1 Mina ngiyagijima nsukuzonke. Mina ngiyabhukuda. **(bese)** (1)

9.1.2 USuzan ufaka isigqoko. Uzogibela ihhashi lakhe. **(mhla)** (1)

9.1.3 Abafundi bayazilolonga. Bazophumelela. **(ukuze)** (1)

9.2 Bhala amagama akubakaki akhombela ubunikazi bento (ongumnini). Bhala **impendulo kuphela**.

9.2.1 Ihhashi (mina) ligijima kakhulu. (1)

9.2.2 Abantwana (yena) bathanda ukugijima. (1)

9.3 Bhala **isabizwana soqobo** esikhundleni sebizo eligqamile. Bhala **impendulo kuphela**.

9.3.1 **Intombazane** ebhukuda kahle esikoleni nguSusan. (1)

9.3.2 Abafana bayawathanda **amabhayisikili**. (1)

9.3.3 **Umdlalo** wamahashi udinga uthando lwezilwane. (1)

9.4 Qala ngegama eligqamile ukubhala le misho.

9.4.1 Abantu abasha bathanda **imidlalo**. (1)

9.4.2 USuzan uthemba **ihashi elimhlophe**. (1)

[10]

UMBUZO 10

Sebenzisa isithombe esingezansi ukwenza umsebenzi olandelayo.



10.1 **Phikisa** imisho elandelayo. UNGABHALI umqondophika.

10.1.1 Intamo yakhe yincane. (1)

10.1.2 Umfanyana waphakamisa umlenze kakhulu. (1)

10.1.3 Umzimba wengane uzokhula. (1)

10.2 Gcwalisa le misho ngamagama alungile. **Izimpendulo uzozithola esithombeni.**

Kusasa ngizoya kudokotela ngoba ngiyagula. 10.2.1 _____ libuhlungu futhi

10.2.2 _____ naso sibuhlungu. Umngani wami uthi akazuhamba nami

uma 10.2.3 _____ ulimele. Angikwazi ukusebenzisa 10.2.4 _____

Iwami ne 10.2.5 _____ yami emva kwengozi yemoto. (5)

[8]

Amamaki angama-30

Amamaki esewonke: 100